

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
<b>RUTH 1</b>	<b>RUTH 1</b>
1:1 Kwathi emihleni abahlulela ngayo abahluleli kwaba khona indlala ezweni. Umuntu othile waseBethlehema Juda waya ukuyohlala ezweni lakwaMowabi, yena nomkakhe, namadodana akhe amabili.	1:1 In the days when the judges ruled, there was a famine in the land, and a man from Bethlehem in Judah, together with his wife and two sons, went to live for a while in the country of Moab.
1:2 Igama lalowo muntu lalingu-Elimeleki, igama lomkakhe lalinguNawomi, amagama amadodana akhe amabili ayengoMahaloni noKiliyoni; babe ngama-Efratha aseBethlehema Juda. Bafika ezweni lakwaMowabi, bahlala khona.	1:2 The man's name was Elimelech, his wife's name Naomi, and the names of his two sons were Mahlon and Kilion. They were Ephrathites from Bethlehem, Judah. And they went to Moab and lived there.
1:3 U-Elimeleki umyeni kaNawomi wafa; kepha yena wasala namadodana akhe amabili.	1:3 Now Elimelech, Naomi's husband, died, and she was left with her two sons.
1:4 Azithathela abafazi kwabesifazane bakwaMowabi; igama lomunye lalingu-Orpa, igama lomunye lalinguRuthe; bahlala khona kwangathi iminyaka eyishumi.	1:4 They married Moabite women, one named Orpah and the other Ruth. After they had lived there about ten years,
1:5 OMahaloni noKiliyoni bafa bobabili; owesifazane washiywa-ke ngabantwana bakhe ababili nangumyeni wakhe.	1:5 both Mahlon and Kilion also died, and Naomi was left without her two sons and her husband.
1:6 Wayesesuka nawomalokazana bakhe ukuba abuye ezweni lakwaMowabi, ngokuba wayezwile ezweni lakwaMowabi ukuthi uJehova uhambele abantu bakhe ukuba abaphe ukudla.	1:6 When she heard in Moab that the Lord had come to the aid of his people by providing food for them, Naomi and her daughters-in-law prepared to return home from there.
1:7 Waphuma endaweni lapho wayekhona, omalokazana bakhe benaye; bahamba ngendlela yokubuyela ezweni lakwaJuda.	1:7 With her two daughters-in-law she left the place where she had been living and set out on the road that would take them back to the land of Judah.
1:8 UNawomi wathi komalokazana bakhe ababili: "Hambani nibuyele, kube yilowo nalowo endlini kanina; uJehova makanenzele umusa, njengalokho nanenza kwabafileyo nakimi.	1:8 Then Naomi said to her two daughters-in-law, "Go back, each of you, to your mother's home. May the Lord show kindness to you, as you have shown to your dead and to me.
1:9 UJehova makaninike ukuba nifumane ukuphumula, kube yilowo nalowo endlini yomyeni wakhe." Wayesebanga, badazuluka, bakhala.	1:9 May the Lord grant that each of you will find rest in the home of another husband." Then she kissed them and they wept aloud.
1:10 Bathi kuye: "Hhayi! Kepha sobuyela nawe kubantu bakini!"	1:10 and said to her, "We will go back with you to your people."
1:11 Wayesethi uNawomi: "Buyani, madodakazi ami; nohambelani nami na? Ngisenamadodana ezibilinini zami ukuba abe ngabayeni benu na?"	1:11 But Naomi said, "Return home, my daughters. Why would you come with me? Am I going to have any more sons, who could become your husbands?"
1:12 Buyani, madodakazi ami, nihambe, ngokuba sengimdala ukuba ngibe nomyeni. Noma ngangithi nginethemba, noma ngingaba nendoda kulobu busuku, ngizale amadodana,	1:12 Return home, my daughters; I am too old to have another husband. Even if I thought there was still hope for me—even if I had a husband tonight and then gave birth to sons—

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
1:13 beningawahlalela aze abe ngakhulileyo na? Beniyakuzivimbela ningabi namadoda na? Hhayi, madodakazi ami, kumunyu kimi ngenxa yenu, ngokuba isandla sikaJehova siphumele kimi.”	1:13 would you wait until they grew up? Would you remain unmarried for them? No, my daughters. It is more bitter for me than for you, because the Lord’s hand has gone out against me!”
1:14 Badazuluka, baphinda bakhala; u-Orpa wamanga uninazala, kepha uRuthe wanamathela kuye.	1:14 At this they wept again. Then Orpah kissed her mother-in-law good-by, but Ruth clung to her.
1:15 Wathi: “Bheka, umnakwenu usebuyele kwabakubo nakukulunkulu wakhe; buya nawe, umlandele umnakwenu.”	1:15 “Look,” said Naomi, “your sister-in-law is going back to her people and her gods. Go back with her.”
1:16 Kepha uRuthe wathi: “Ungangincengi ukuba ngikushiye, ngibuye, ngingakulandeli, ngokuba lapho uya khona, ngiyakuya khona nami, nalapho uhlala khona, ngiyakuhlala khona nami; abantu bakho bayakuba ngabantu bami, uNkulunkulu wakho abe nguNkulunkulu wami.	1:16 But Ruth replied, “Don’t urge me to leave you or to turn back from you. Where you go I will go, and where you stay I will stay. Your people will be my people and your God my God.
1:17 Lapho ufela khona, ngiyakufela khona nami, ngimbelwe khona; uJehova akenze njalo kimi, enezele futhi, ngokuba ngokufa kuphela okuyakusahlukanisa.”	1:17 Where you die I will die, and there I will be buried. May the Lord deal with me, be it ever so severely, if anything but death separates you and me.”
1:18 Esebonile ukuthi uzimisele ukuhamba naye, wayeka ukukhuluma kuye.	1:18 When Naomi realized that Ruth was determined to go with her, she stopped urging her.
1:19 Base behamba bobabili baze bafika eBetlehema. Kwathi sebefikile eBetlehema, wonke umuzi wanyakaziswa, bathi: “Lo unguNawomi na?”	1:19 So the two women went on until they came to Bethlehem. When they arrived in Bethlehem, the whole town was stirred because of them, and the women exclaimed, “Can this be Naomi?”
1:20 Wathi kubo: “Ningangibizi ngokuthi uNawomi; ngibizeni ngokuthi uMara, ngokuba uSomandla ungiphathe ngomunyu omkhulu.	1:20 “Don’t call me Naomi,” she told them. “Call me Mara, because the Almighty has made my life very bitter.
1:21 Ngahamba ngigcwele, uJehova ungibuyise ngize; ningibizelani ngokuthi uNawomi, lokhu uJehova efakazile ngami, uSomandla engenzele okubi, na?”	1:21 I went away full, but the Lord has brought me back empty. Why call me Naomi? The Lord has afflicted me; the Almighty has brought misfortune upon me.”
1:22 Wabuya-ke uNawomi kanye noRuthe wakwaMowabi umalokazana wakhe owabuya ezweni lakwaMowabi, bafika eBetlehema ekuqaleni kokuvunwa kwebhali.	1:22 So Naomi returned from Moab accompanied by Ruth the Moabitess, her daughter-in-law, arriving in Bethlehem as the barley harvest was beginning.
<b>RUTH 2</b>	<b>RUTH 2</b>
2:1 UNawomi wayenesihlobo somyeni wakhe, umuntu ocebileyo, owomndeni ka-Elimeleki, igama lakhe linguBowazi.	2:1 Now Naomi had a relative on her husband’s side, from the clan of Elimelech, a man of standing, whose name was Boaz.

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
2:2 URuthe wakwaMowabi wathi kuNawomi: “Mangihambe, ngiye ensimini, ngikhothoze ezikhwetshini emva kwalowo engiyakufumana umusa emehlweni akhe.” Wathi kuye: “Hamba, ndodakazi yami.”	2:2 And Ruth the Moabite said to Naomi, “Let me go to the fields and pick up the leftover grain behind anyone in whose eyes I find favor.” Naomi said to her, “Go ahead, my daughter.”
2:3 Wahamba, waya wakhothoza ensimini emva kwabavuni; kwase kwenzeka ukuba afike esiqeshini sensimu sikaBowazi womndeni ka-Elimeleki.	2:3 So she went out and began to glean in the fields behind the harvesters. As it turned out, she found herself working in a field belonging to Boaz, who was from the clan of Elimelech.
2:4 Bheka, uBowazi wafika evela eBethlehema, wathi kwabavunayo: “UJehova makabe nani.” Bathi kuye: “UJehova makakubusise.”	2:4 Just then Boaz arrived from Bethlehem and greeted the harvesters, “The Lord be with you!” “The Lord bless you!” they called back.
2:5 Wayesethi uBowazi encekwini yakhe eyayibekwe phezu kwabavuni: “Ngekabani le ntombazana na?”	2:5 Boaz asked the foreman of his harvesters, “Whose young woman is that?”
2:6 Inceku eyayibekwe phezu kwabavuni yaphendula yathi: “Kuyintombazana yakwaMowabi ebuye noNawomi ezweni lakwaMowabi;	2:6 The foreman replied, “She is the Moabite who came back from Moab with Naomi.
2:7 ithe: ‘Ake ngikhothoze, ngibuthe ezithungwini emva kwabavuni.’ Selokhu ifikile, iqhubekile kusukela ekuseni kuze kube manje, ihlale kancane endlini kuphela.”	2:7 She said, ‘Please let me glean and gather among the sheaves behind the harvesters.’ She went into the field and has worked steadily from morning till now, except for a short rest in the shelter.”
2:8 UBowazi wayesethi kuRuthe: “Angithi uyezwa, ndodakazi yami? Ungayi ukukhothoza kwenye insimu, futhi ungasuki lapha, kepha namathela kuwo amantombazana ami lapha.	2:8 So Boaz said to Ruth, “My daughter, listen to me. Don’t go and glean in another field and don’t go away from here. Stay here with my servant girls.
2:9 Amehlo akho mawabe sensimini ayivunayo, uwalandele; angithi ngiyalile abafana ukuba bangakuthinti na? Nxa womile, yana ezitsheni, uphuze lokho abakukhileyo abafana.”	2:9 Watch the field where the men are harvesting, and follow along after the girls. I have told the men not to touch you. And whenever you are thirsty, go and get a drink from the water jars the men have filled.”
2:10 Wayesewa ngobuso bakhe, wakhothamela emhlabathini, wathi kuye: “Ngifumaneleni umusa emehlweni akho ukuba unginake, lokhu ngingowezizwe, na?”	2:10 At this, she bowed down with her face to the ground. She exclaimed, “Why have I found such favor in your eyes that you notice me—a foreigner?”
2:11 UBowazi waphendula, wathi kuye: “Kubikiwe kimi konke omenzele khona unyokozala selokhu afa umyeni wakho nokuthi ushiyile uyihlo nonyoko nezwe lokuzalwa kwakho, weza kubantu ongabazanga ngaphambili.	2:11 Boaz replied, “I’ve been told all about what you have done for your mother-in-law since the death of your husband—how you left your father and mother and your homeland and came to live with a people you did not know before.
2:12 UJehova makakuvuze ngomsebenzi wakho, uphiwe umvuzo opheleleyo nguJehova uNkulunkulu ka-Israyeli oze ukuba uphephele phansi kwamaphiko akhe.”	2:12 May the Lord repay you for what you have done. May you be richly rewarded by the Lord, the God of Israel, under whose wings you have come to take refuge.”

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
2:13 Wathi: “Mangifumane umusa emehlweni akho, nkosi, ngokuba ungiduduzile nangokuba ukhulume kahle kuyo incekekazi yakho, noma ngingenjengenyeye yezincekekazi zakho.”	2:13 “May I continue to find favor in your eyes, my lord,” she said. “You have given me comfort and have spoken kindly to your servant—though I do not have the standing of one of your servant girls.”
2:14 Ngesikhathi sokudla uBowazi wathi kuye: “Woza lapha, udle isinkwa, ugcobhoze ucezu lwakho kuviniga.” Wahhlala eceleni kwabavuni, wamnika utshwele, wadla wasutha, washiya phansi.	2:14 At mealtime Boaz said to her, “Come over here. Have some bread and dip it in the wine vinegar.” When she sat down with the harvesters, he offered her some roasted grain. She ate all she wanted and had some left over.
2:15 Esesukile ekukhothozeni uBowazi wayala abafana bakhe, wathi: “Makakhothoze nasezithungwini, ningamkhathazi.	2:15 As she got up to glean, Boaz gave orders to his men, “Even if she gathers among the sheaves, don’t embarrass her.
2:16 Anoke nimkhiphele nokuthile ezithungwini, nikushiye ukuba akukhothoze, ningamsoli.”	2:16 Rather, pull out some stalks for her from the bundles and leave them for her to pick up, and don’t rebuke her.”
2:17 Wakhothoza-ke ensimini kwaze kwahlwa; wakubhula lokho abekukhothozile, kwakungathi i-efa lebhali.	2:17 So Ruth gleaned in the field until evening. Then she threshed the barley she had gathered, and it amounted to about an ephah.
2:18 Wakuthatha, wangena emzini; uninazala wabona lokho abekukhothozile; wakhipha, wamnika lokho akushiyele esesuthile.	2:18 She carried it back to town, and her mother-in-law saw how much she had gathered. Ruth also brought out and gave her what she had left over after she had eaten enough.
2:19 Uninazala wathi kuye: “Ukhothozephi namuhla na? Usebenzephi? Makabusiswe lowo okunakileyo.” Wamtshele uninazala ukuthi ubesebenza kubani, wathi: “Igama lomuntu engisebenzile kuye namuhla linguBowazi.”	2:19 Her mother-in-law asked her, “Where did you glean today? Where did you work? Blessed be the man who took notice of you!” Then Ruth told her mother-in-law about the one at whose place she had been working. “The name of the man I worked with today is Boaz,” she said.
2:20 UNawomi wathi kumalokazana wakhe: “Makabusiswe nguJehova ongayekanga umusa wakhe kwabaphilileyo nakwabafileyo.” UNawomi wathi kuye: “Lowo muntu uyisihlobo sethu, ungowabahlengi bethu.”	2:20 “The Lord bless him!” Naomi said to her daughter-in-law. “He has not stopped showing his kindness to the living and the dead.” She added, “That man is our close relative; he is one of our kinsman-redeemers.”
2:21 URuthe wakwaMowabi wathi: “Yebo, wathi kimi: ‘Wonamathela kubafana bami, baze baqede konke ukuvuna kwami.’ ”	2:21 Then Ruth the Moabitess said, “He even said to me, ‘Stay with my workers until they finish harvesting all my grain.’ ”
2:22 UNawomi wayesethi kuRuthe umalokazana wakhe: “Kuhle, ndodakazi yami, ukuba uphume namantombazana akhe, ungafikelwa kwenye insimu.”	2:22 Naomi said to Ruth her daughter-in-law, “It will be good for you, my daughter, to go with his girls, because in someone else’s field you might be harmed.”
2:23 Wayesenamathela-ke kuwo amantombazana kaBowazi ukukhothoza kwaze kwaba sekugcineni kokuvunwa kwebhali nokukakolweni; wahlala-ke noninazala.	2:23 So Ruth stayed close to the servant girls of Boaz to glean until the barley and wheat harvests were finished. And she lived with her mother-in-law.

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
<b>RUTH 3</b>	<b>RUTH 3</b>
3:1 UNawomi uninazala wathi kuye: “Ndodakazi yami, angiyikukufunela ukuphumula ukuba kube kuhle kuwe na?”	3:1 One day Naomi her mother-in-law said to her, “My daughter, should I not try to find a home for you, where you will be well provided for?”
3:2 Angithi uBowazi owawunamantombazana akhe uyisihlobo sethu na? Bheka, uyela ibhali kusihlwa esibuyeni.	3:2 Is not Boaz, with whose servant girls you have been, a kinsman of ours? Tonight he will be winnowing barley on the threshing floor.
3:3 Ngakho-ke geza, ugcoke, ugqoke isambatho sakho, wehlele esibuyeni, kepha ungazazisi kulowo muntu, aze aqede ukudla nokuphuza.	3:3 Wash and perfume yourself, and put on your best clothes. Then go down to the threshing floor, but don’t let him know you are there until he has finished eating and drinking.
3:4 Kuyakuthi nxa eselala, uqaphele indawo ayakulala kuyo, ungene, wambule izinyawo zakhe, ulale; uyakukutshela lokhu oyakukwenza.”	3:4 When he lies down, note the place where he is lying. Then go and uncover his feet and lie down. He will tell you what to do.”
3:5 Wathi kuye: “Konke okushoyo ngiyakukwenza.”	3:5 “I will do whatever you say,” Ruth answered.
3:6 Wehlele esibuyeni, wenza njengakho konke amyale ngakho uninazala.	3:6 So she went down to the threshing floor and did everything her mother-in-law told her to do.
3:7 UBowazi wadla waphuza, inhliziyo yakhe yathokoza, waya ukulala ngasekugcineni kwenqwaba yamabele; wafika kahle, wambula izinyawo zakhe, walala.	3:7 When Boaz had finished eating and drinking and was in good spirits, he went over to lie down at the far end of the grain pile. Ruth approached quietly, uncovered his feet and lay down.
3:8 Kwathi phakathi kwamabili yethuka leyo ndoda, yaphenduka; bheka, kwakulele owesifazane ngasezinyaweni zayo.	3:8 In the middle of the night something startled the man, and he turned and discovered a woman lying at his feet.
3:9 Yathi: “Ungubani?” Wathi: “NginguRuthe incekekazi yakho; yembesa incekekazi yakho umphetho wengubo yakho, ngokuba ungumhlengi.”	3:9 “Who are you?” he asked. “I am your servant Ruth,” she said. “Spread the corner of your garment over me, since you are a kinsman-redeemer.”
3:10 Yathi: “Mawubusiswe nguJehova, ndodakazi yami; ubonakalisile umusa ekugcineni kakhulu kunasekuqaleni, ngokuba awulandelanga izinsizwa, noma zimpofo noma zicebile.	3:10 “The Lord bless you, my daughter,” he replied. “This kindness is greater than that which you showed earlier: You have not run after the younger men, whether rich or poor.
3:11 Manje, ndodakazi yami, ungesabi; ngiyakukwenzela konke okushoyo, ngokuba wonke umuzi wabantu bakithi uyazi ukuthi ungowesifazane olungileyo.	3:11 And now, my daughter, don’t be afraid. I will do for you all you ask. All my fellow townsmen know that you are a woman of noble character.
3:12 Yebo, kuqinisile ukuthi ngingumhlengi, kepha kukhona umhlengi omkhulu kunami.	3:12 Although it is true that I am near of kin, there is a kinsman-redeemer nearer than I.
3:13 Hlala lobu busuku; kuyakuthi ekuseni, uma ekuhlenga, kulungile, makakuhlenge; kepha uma engathandi ukukuhlenga, mina ngiyakukuhlenga, kuphila kukaJehova; lala kuze kuse.”	3:13 Stay here for the night, and in the morning if he wants to redeem, good; let him redeem. But if he is not willing, as surely as the Lord lives I will do it. Lie here until morning.”

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
3:14 Walala ngasezinyaweni zakhe kwaze kwasa, wavuka bengakazani. Ngokuba yathi: “Makungaziwa ukuthi owesifazane wafika esibuyeni.”	3:14 So she lay at his feet until morning, but got up before anyone could be recognized; and he said, “Don’t let it be known that a woman came to the threshing floor.”
3:15 Yayisithi: “Letha ingubo ephezu kwakho, uyibambe.” Wayibamba, yalinganisa kasithupha ibhali, yamthwesa lona, wangena emzini.	3:15 He also said, “Bring me the shawl you are wearing and hold it out.” When she did so, he poured into it six measures of barley and put it on her. Then he went back to town.
3:16 Wafika kuninazala; wathi yena: “Ungubani, ndodakazi yami?” Wamthshela konke leyo ndoda ebimenzele khona.	3:16 When Ruth came to her mother-in-law, Naomi asked, “How did it go, my daughter?” Then she told her everything Boaz had done for her
3:17 Wathi: “Ingiphile lezi zilinganiso eziyisithupha zebhali, ngokuba yathi kimi: ‘Ungayi kunyokozala ungaphethe lutho.’ ”	3:17 and added, “He gave me these six measures of barley, saying, ‘Don’t go back to your mother-in-law empty-handed.’”
3:18 Wathi: “Hlala, ndodakazi yami, uze wazi ukuba le ndaba iyakuphethelaphi, ngokuba leyo ndoda ayiyikuphumula ingakaqedi indaba namuhla.”	3:18 Then Naomi said, “Wait, my daughter, until you find out what happens. For the man will not rest until the matter is settled today.”
<b>RUTH 4</b>	<b>RUTH 4</b>
4:1 UBowazi wenyukela esangweni, wahlala phansi khona; bheka, umhlengi akhuluma ngaye uBowazi, wadlula; wathi kuye: “We wena sibanibani, phambuka, uhlale lapha.” Waphambuka, wahlala phansi.	4:1 Meanwhile Boaz went up to the town gate and sat there. When the kinsman-redeemer he had mentioned came along, Boaz said, “Come over here, my friend, and sit down.” So he went over and sat down.
4:2 Wathatha amadoda ayishumi kuwo amalunga omuzi, wathi: “Hlalani phansi lapha.” Ahlala.	4:2 Boaz took ten of the elders of the town and said, “Sit here,” and they did so.
4:3 Wayesethi kuye umhlengi: “UNawomi obuyile ezweni lakwaMowabi uyathengisa ngesiqephu sezwe esasingesika-Elimeleki;	4:3 Then he said to the kinsman-redeemer, “Naomi, who has come back from Moab, is selling the piece of land that belonged to our brother Elimelech.
4:4 bengithi ngiyakukwambulela kuwe, ngithi: Lithenge phambi kwabahleziyo lapha naphambi kwamalunga abantu bakithi; uma ulithenga, lihlenge; kepha uma ungalithengi, ngitshela ukuba ngazi, ngokuba akakho ongalihlenga ngaphandle kwakho, mina ngisemva kwakho.” Wayesethi: “Ngiyakulihlenga.”	4:4 I thought I should bring the matter to your attention and suggest that you buy it in the presence of these seated here and in the presence of the elders of my people. If you will redeem it, do so. But if you will not, tell me, so I will know. For no one has the right to do it except you, and I am next in line.” “I will redeem it,” he said.
4:5 Wathi uBowazi: “Msukwana ulithenga izwe esandleni sikaNawomi, ulithenga nakuRuthe wakwaMowabi umkamufi ukuba ulivuse igama lofileyo efeni lakhe.”	4:5 Then Boaz said, “On the day you buy the land from Naomi and from Ruth the Moabitess, you acquire the dead man’s widow, in order to maintain the name of the dead with his property.”
4:6 Umhlengi wathi: “Anginakuzihlengela lona, funa ngone ifa lami; zihlengele wena, ngokuba anginakukuhlenga.”	4:6 At this, the kinsman-redeemer said, “Then I cannot redeem it because I might endanger my own estate. You redeem it yourself. I cannot do it.”

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
4:7 Lokhu kwakunje ngokuhlenga nokwenana endulo kwa-Israyeli ukuba kuqiniswe izindaba zonke: umuntu wakhumula isicathulo sakhe, wasinika umakhelwane wakhe; lokho kwakungubufakazi kwa-Israyeli.	4:7 (Now in earlier times in Israel, for the redemption and transfer of property to become final, one party took off his sandal and gave it to the other. This was the method of legalizing transactions in Israel.)
4:8 Umhlengi wayesethi kuBowazi: “Zithengele.” Wakhumula isicathulo sakhe.	4:8 So the kinsman-redeemer said to Boaz, “Buy it yourself.” And he removed his sandal.
4:9 UBowazi wayesethi kumalunga nakubantu bonke: “Ningofakazi namuhla ukuthi ngithengile konke okwakungokuka-Elimeleki, nakho konke okwakungokukaKiliyoni nokukaMahaloni esandleni sikaNawomi.	4:9 Then Boaz announced to the elders and all the people, “Today you are witnesses that I have bought from Naomi all the property of Elimelech, Kilion and Mahlon.
4:10 NoRuthe wakwaMowabi umkaMahaloni ngimthengile abe ngumkami ukuvusa igama lofileyo efeni lakhe ukuba igama lofileyo linganqunywa phakathi kwabafowabo nasesangweni lendawo yakhe; nina ningofakazi namuhla.”	4:10 I have also acquired Ruth the Moabite, Mahlon’s widow, as my wife, in order to maintain the name of the dead with his property, so that his name will not disappear from among his family or from the town records. Today you are witnesses!”
4:11 Bonke abantu ababesangweni namalunga bathi: “Singofakazi; uJehova makenze lowo wesifazane ongene endlini yakho abe njengoRaheli noLeya abakha bobabili indlu yakwa-Israyeli, ucebe e-Efratha, ube nodumo eBetlehema;	4:11 Then the elders and all those at the gate said, “We are witnesses. May the Lord make the woman who is coming into your home like Rachel and Leah, who together built up the house of Israel. May you have standing in Ephrathah and be famous in Bethlehem.
4:12 indlu yakho mayibe njengendlu kaPheresi uTamari amzalela uJuda ngenzalo uJehova ayakukunika yona ngale ntombazana.”	4:12 Through the offspring the Lord gives you by this young woman, may your family be like that of Perez, whom Tamar bore to Judah.”
4:13 UBowazi wayesemthatha uRuthe, waba ngumkakhe; wangena kuye; uJehova wamnika ukuba akhulelwe; wazala indodana.	4:13 So Boaz took Ruth and she became his wife. Then he went to her, and the Lord enabled her to conceive, and she gave birth to a son.
4:14 Abesifazane bathi kuNawomi: “Makabusiwe uJehova ongakushiyanga namuhla ungenamhlengi; igama lakhe malidume kwa-Israyeli.	4:14 The women said to Naomi: “Praise be to the Lord, who this day has not left you without a kinsman-redeemer. May he become famous throughout Israel!
4:15 Uyakuba ngumbuyisi wokuphila kuwe, nomondli ebudaleni bakho, ngokuba umalokazana wakho okuthandayo, omuhle kuwe kunamadodana ayisikhombisa umzele.”	4:15 He will renew your life and sustain you in your old age. For your daughter-in-law, who loves you and who is better to you than seven sons, has given him birth.”
4:16 UNawomi wamthatha umntwana, wamgona esifubeni sakhe, waba ngumzanyana wakhe.	4:16 Then Naomi took the child, laid him in her lap and cared for him.
4:17 Abesifazane abakhelene naye bametha igama, bathi: “Kuzelwe indodana kuNawomi.” Baqamba igama lakhe ngokuthi u-Obede; yena unguyise kaJese, uyise kaDavide.	4:17 The women living there said, “Naomi has a son.” And they named him Obed. He was the father of Jesse, the father of David.

AFRIKAANS	NEW INTERNATIONAL VERSION
4:18 Nazi izizukulwane zikaPheresi: uPheresi wazala uHesironi;	4:18 This, then, is the family line of Perez: Perez was the father of Hezron,
4:19 uHesironi wazala uRamu; uRamu wazala u-Aminadaba;	4:19 Hezron the father of Ram, Ram the father of Amminadab,
4:20 u-Aminadaba wazala uNaheshoni; uNaheshoni wazala uSalimoni;	4:20 Amminadab the father of Nahshon, Nahshon the father of Salmon,
4:21 uSalimoni wazala uBowazi; uBowazi wazala u-Obede;	4:21 Salmon the father of Boaz, Boaz the father of Obed,
4:22 u-Obede wazala uJese; uJese wazala uDavide.	4:22 Obed the father of Jesse, and Jesse the father of David.